# *ISIBONAKALISO SESIKHATHI*

Asibe silokhu simile uma nje beningathanda umzuzwana ngomkhuleko.

2 Nkosi, siyaKubonga ngokulunga kwaKho nesihawu, ngakho konke lokho Osenzele khona, siyaKubonga, futhi yemukela ukubonga kwethu. Futhi siyakhuleka, Nkulunkulu, ukuthi kukhona okuzokwenziwa kulobubusuku obubili obulandelayo okuzobeka isisekelo semvuselelo enkulu ukushanela lelizwe. Siphe khona, Nkosi. Siyazi ukuthi lokho akufinyeleli esintwini, kuphela ngaWe, Nkulunkulu wethu.

3 Sithemba Nkosi, ukuthi sifumene umusa nesihawu kuWe, futhi manje vula izindlebe zethu namehlo ethu nokuqonda kwethu, ukuze sazi ukuthi silandela kanjani uMoya waKho. Ngokuba siyakucela, eGameni likaKristu. Amen.

4 Hlalani phansi. Kuqala, ngingathanda ukusho ukuthi indodana yami ingitshelile nje ukuthi kusasa ebusuku bebehlela inkonzo yokuphulukisa, namakhadi omkhuleko ayoba senkonzweni yantambama futhi ngelesithupha nqo ehholo elikhulu. Ifika ngaphambi kwesikhathi ukuze bawathole, ihlalise abantu phansi ngaphambi kokuba inkonzo iqale.

5 Khona-ke ngifuna ukusho ukuthi noma ngabe ubani lowomfowethu olapha osithumelele lezozinhlanzi izolo, ngempela sizijabulele kakhulu. Lonke iqembu lethu libe ne, ngiqagele beniyokubiza ngejubili lokudla okumnandi izolo ebusuku cishe ngeleshumi nanye nqo, nenye yenhlanzi ithrawuthi emnandi ukwedlula yonke engake ngaba nayo empilweni yami. Futhi bengilambile ngoba angidli ngaphambi kwalezizinkonzo, futhi khona-ke bengilambe ngempela kamuva. Futhi siyakuthakasela ngempela, mfowethu, angilazi ngisho negama lakho, kodwa impela ngiyakubonga.

6 Ngingathanda ukwenza i. . .Bekungubani igama lakhe na? UHar-. . .? UHarbaugh. Ngingathanda ukwenza isikhathi sokubonana nawe ukubamba ezinye zalezo ngolunye usuku, yebo, mnumzane. Bekukuhle ngempela, futhi siyakuthakasela. Okokuqala ukuba ngike ngibone noma iyiphi inhlanzi ithrawuthi yomfudlana, ephinki, kodwa ngempela ibi, bezikahle.

7 Siyanibonga nonke. Futhi angizange ngilithole ithuba, ngoba bengingazi ukuthi bebekwenzile, kwaze kwedlula isikhathi kakhulu, ngobunye ubusuku, bangithathela umnikelo wothando, ngiyakuthakasela ngempela lokho; ngizamile ukugcina irekhodi lami licacile emnikelweni.

8 Sengibe senkonzweni iminyaka engamashumi amabili nesikhombisa futhi angikaze ngithathe umnikelo empilweni

yami. Ngelusa iTabernakele leBaptisti eJeffersonville iminyaka eyishumi nesikhombisa ngaphandle kweholo elilodwa likapeni, noma ukuthatha umnikelo wanoma yiluphi uhlobo. NganginguMqaphi weziNyamazane woMbuso wase-Indiana, futhi ngasebenza ukuze ngiziphilise, futhi ngi . . .

9 Imali ithi ukuba wuhlobo lwento eyinqaba kimi. Angi . . . Kulungile, sifanele sibe nayo. Nezindleko zami ekhaya, akukuningi, ngi—ngizamile ukugcina izinkonzo zami zibe sendaweni lapho ebezingeke ziphathwe kanzima. Thatha . . . Uma nje bengiyokuyeka kuhambe, ngani, bengingahle ukuba bengingaphansi kwesibopho esikhulu. Isibopho sami sithi asibe, awu, ihhovisi lami lithi alibe a, ngiyacabanga amadola ayikhulu ngosuku azongenelisa.

10 Awu, wena uthi, "Lokho kuzwakala njengokuningi kakhulu, Mfowethu Branham."

11 Ucabanga ukuthi uMfowethu Roberts usebenzisani usuku ngalunye na? Cishe izinkulungwane eziyishumi. Ucabanga ukuthi uBilly Graham usebenzisani na? Ngimbonile esebenzisa izinkulungwane ezingamashumi amabili-nanhlanu ngehora. Ngakho niyabo, kuthatha inqwaba yemali. Futhi angikwazi ukuzibophezela kanjalo, inkonzo yami ayikubizi, ngifuna nje ukuyigcina ithobekile ukuze kuthi uma iNkosi ibiyongibizela ebandleni labantu abane noma abahlanu, bengingahamba.

12 Futhi ngisanda kubamba imvuselelo ebandleni ebeliphethe amashumi amabili, saba nemvuselelo yobusuku obubili ebandleni elincane ebeliphethe abantu abangamashumi amabili. Bekudabukisa kakhulu, isimo sezulu esibandayo, nabantu bemile, isimo sezulu esingaphansi kwezinga-qhwa, kodwa bekuyi . . . kodwa ngizwe iNkosi ingithumele lapho, futhi lapho Ivuse abanye abashumayeli kuyo.

13 Ngakho, bengifuna nje nazi ukuthi ngiyakuthakasela konke enikwenzayo, nginonkosikazi nabantwana abathathu. Futhi nginesibopho esikhulu ehhovisi lami, ngoba sithola izinkulungwane zezincwadi, niyazi ukuthi bekuyoba kanjani, hhayi nje idolobha elilodwa, umhlaba wonke jikelele. Futhi sinezingcingo ezine esingaphendula ngazo, futhi kulinganiselwa cishe izingcingo ezingamashumi amane, izingcingo zamabanga amade ngehora, amahora angamashumi amabili nane ngosuku; ungazibonela ukuthi lokho kuhamba kanjani.

14 Bese kuthi-ke, ngithumela izinkulungwane nezinkulungwane zezindwangu zomkhuleko ezincane emhlabeni jikelele, futhi—futhi angikho ekhaya kakhulu, kodwa ngiyakhuleka phezu kwalezo zindwangu nokho. Manje, incwadi e . . . Uma uyifuna, wamukelekile kuyo, thumela nje, yonke into imahhala. Asinalutho, asinazinhlelo zomsakazo, akukho thelevishini, into kuphela esinayo yiNkosi uJesu nje, futhi Uyakubusisa, ngokuba ngi . . . Siza ukuba lusizo kini.

Futhi angilifuni ikheli lakho, kul'khuni kimi ukukhokhela onobhala ukuba baphendule izincwadi. Kodwa yonke into i. . . Ufuna enye yalezozindwangu ezincane, siyazikhulekela futhi sizithumele ngaphandle ngezinkulungwane, emhlabeni wonke, futhi nemukeleke kakhulu kweyodwa, ngokukhulu ukushesha esingayifinyelelisa kini.

15 Manje, sasivame ukusho izikhathi eziningi, "Iziphepho azibi nzima kakhulu, futhi imvula ayini neze ngokushesha kakhulu, futhi ubusuku abubi mnyama kakhulu, kodwa engiyoza kini ukuba nginisize." Ngani, ngifanele ngiqaphele, ngisho lokho manje, ngoba kunokuningi kakhulu. Kodwa ngi. . .Noma ngasiphi isikhathi ebengingaba nomusa kuwe, noma ngenze noma yini ukukusiza wenze impilo ibe ngcono kancane, okumnandi kakhudlwana, yilokho engikukhonela lapha, futhi benginga—bengingathanda ukukwenza.

16 Manje, khumbulani inkonzo yokuvala yakusasa ebusuku. Futhi ngibabonga ngempela lababantu ngalokho enikwenzile kithi. Futhi kulomnikelo abawunikezayo, angazi ukuthi bewuyini namanje, abangitshelanga, kodwa impela uzohamba, ngokwazi kwami konke, ukwenzela uMbuso kaNkulunkulu. Niyabo?

17 Futhi yonke into, engingadingi nje ukukusebenzisa, wonke upeni engiwutholayo engingawusebenzisi ngqo emsebenzini ophuthamayo, uNkulunkulu uyazi ukuthi uhamba uqonde ngqo ezinkundleni zezimishini, ngamandla onke nje, ngoba ngiyazi ukuthi ngihlale ngiqinisile, ngiyazi ukuthi kuthathani ezimishini, futhi ngi. . .lokho ngukuthi. . .silandela iziyalo ezijwayelekile, khona-ke: "Hambani niye ezweni lonke, nishumayele iVangeli kukho konke okudaliweyo." Futhi ngempela ngifuna ukuba u—umphathi weqiniso walokho iNkosi ekunikezile. Nengxenye yaleyomali ingenye yokuziphilisa kwenu, futhi ngiyayihlonipha, ngenhlonipho yokuzithoba nje futhi ngokuhloniphekile ngakho konke.

18 Ngifuna ukunitshela, umkami engekho lapha, ngingakusho lokhu, ngokwejwayelekile uyangilandela amaqhinga amancane, niyazi, ngiyakhumbula ngobunye ubusuku, ngiza ekhaya, into eyodwa encane engayenzayo, yayihlala njalo inamathele kuye, ngangishintsha izingubo zokugqoka ekamelweni, futhi ngi. . .sasihlala nje emakamelweni amancane amabili, futhi ngakhumula umfaniswano wami. Benza amakhulu, amaduku abomvu, nina bazalwane niyawazi, kusobala. Futhi ngiya esontweni ngalobo busuku, nga—ngakhohlwa ukucosha iduku ayelibeke embhedeni futhi ngavele ngahlohla leli elikhulu, iduku elibomvu phansi ephaketheni lami.

19 Ngangingale etabernakele, ngishumayela njalo njalo, futhi nga—ngathi ukujuluka, ngase ngihluthula ngikhipha iduku lami ukulinyakazisa *kanje*, niyazi, futhi. . .?. . .Awu, ngathi, ubuso

bakhe bubomvu ngempela, ngathi, "Uyazi, ngiyawesaba lawo amancane, ngiyesaba ngingahle ngigwinye elilodwa." Ngakho, ngoba *bukani.*

20 Bese kuthi-ke, kanye, ngangizothatha umnikelo. Futhi niyazi ukuthi abantu abampofu baba kanjani, ufika endaweni ongeke ukwazi ukuziphilisa. Nake nayishaya leyondawo na? Ngisaba nazo. Futhi ngacabanga, "Sizokwenza kanjani na?" Futhi ngathi kunkosikazi, ngathi, "Ngizothatha umnikelo ngale ebandleni."

21 Wathi, "Ngizoya ngale futhi ngikubone ukwenza." Manje, hhayi ukuthi babengeke bakwenze, impela, babeyokwenza, babeyonginika noma yini ababenayo. kodwa ngangikwazi ukwenza, futhi nginamandla, futhi ngisebenza, futhi ngishumayela kabili noma kathathu ngeviki, ngakho, kuthiwani ngakho na? Bengingaziphilisa.

22 Futhi ngakho ngaya ngale, futhi sasingenapuleti lomnikelo nalutho. Kwakukhona umdobi omdala ogama linguMnu. Wiseheart, wayengomunye wabadikoni ebandleni. Futhi ngathi, "Malume Jim, ngifuna uthole isigqoko sami. Futhi bafo, ngifuna ukunibuza umbuzo." Ngathi, "Manje, sisohlobweni lwendawo enzima, asikwazi ukuziphilisa, unozuka noma usheleni ephaketheni lakho, uqathaze esigqokweni, uthi ukungisiza." Awu, abanye babo wayekhala.

23 Ngase ngiqalaza ngase ngibona owesifazane osemdala owayehlale engikhulekela, wayegqoke elinye lalawo maphinifa amancane. Ngabe nina besifazane phezulu lapha nake nagqoka iphinifa elalinephakethe ngaphakathi, niyazi, elincane, ngaphakathi kwephinifa na? Welula isandla futhi wathatha esinye salezo zikhwanyana ezincanyana ezifakwa ephaketheni eziqhaswa phezulu, wafinyelela phansi lapho efuna labo ozuka. O, he! Bengingekwenze lokho. "O," ngathi, "Benginincokolisa nje, bengingakuqondile." Futhi lokho ngokusondele kunakho konke engake ngafika kukho ekuthatheni umnikelo. Bengingeke ngikwazi ukuthatha ozuka bakhe, bengingeke ngikwenze.

24 Kwakukhona ikhehla lehla livela eBenton Harbor, uMfowethu Ryan omdala. Usanda kuya ekhaya eNkazimulweni. Hhayi uJohn Rhyn manje, owaphulukiswa eFort Wayne, eyimpumputhe, lapho urabi ongumJuda avela khona, kwakungomunye uJohn Ryan.

25 Wagibela ibhayisikili elincane ezansi lapho, futhi wanginika lona, futhi lalihlubukile, o, ngeke ngithi lihlubukile, laligugile nje, la—lalisesimweni esingesihle nje. Futhi kwakuphandle lapho, futhi ngaya esitolo sezinto zikasheleni ngase ngizitholela ikani likapende, ngalipenda, ngabeka isayini kulo, "LiyaThengiswa." Ngalithengisa, akudingekanga ukuba ngithathe umnikelo empeleni. Lokho kwakungokusondele

kakhulu engake ngafika kukho ngokuthatha umnikelo. Kodwa ngiyakuhlonipha ngempela, futhi iNkosi inibusise ngokucebile.

26 Manje, sifuna ukuhamba kahle, siqonde ngqo eZwini laKhe, ukuze-ke sinidedele kusenesikhathi ngangokunokwenzeka kulobubusuku, ngokuba kusasa ebusuku silindele okwedlulele, okuyinala, ikakhulukazi ngabagulayo nabahluphekile, ngakho bakhipheni kusasa ebusuku.

Asikhuleke.

27 Mqambi waleNcwadi nokuPhila okuPhakade, sivulele ukuphefumulelwa, Nkosi, okuhambisana naleliZwi. Futhi kwangathi singafunda ukuphila ngeZwi nangoMoya. Futhi kwangathi kungaba kithi kulobubusuku, ukuqondiswa nokulungiselelwa ukuFika kweNdodana kaNkulunkulu.

28 Thethelela izono ezenziwe phakathi kwethu namhlanje, Nkulunkulu. Futhi faka ugqozi kubefundisi ophakathi kwethu kulobubusuku ukuba bathathe isibindi esisha. Siphe zonke izibusiso zaKho zobuNkulunkulu, Baba, njengoba sizinikela kuWe ngokuzwa iZwi laKho, futhi kwangathi singaba nenhlanganyelo ngakoKufanayo. Ngokuba siyakucela, eGameni likaJesu, iNdodana yaKho. Amen.

29 Ngifuna ukuthatha indikimba encane, ebengicabanga nje ngokushumayela enye into, kodwa lokhu kufika nje enhliziyweni yami, esikhashaneni esedlule, uDaniyeli 5:25:

> *Nansi i*ncazelo yo*mbhalo . . ., MENE, MENE, TEKEL, UFARSIN.*

30 Sivula indikimba yethu kulobubusuku eBabiloni. Futhi sinalokhu phansi kokunakwa okwesikhashanyana nje. Futhi uma nizonginika ukunaka kwenu, nezinhliziyo zenu kuMoya oNgcwele, kwangathi Angasihumushela lokhu: *ISibonakaliso SeSikhathi.*

31 IBabiloni liqala ekuqaleni kweBhayibheli. UGenesisi ungukuqala kwezinto zonke. NeBabiloni latholakala ekuqaleni kweBhayibheli, futhi litholakala maphakathi neBhayibheli, futhi litholakala ekugcineni kweBhayibheli. Ngakho ngicabanga ukuthi bekuyosisiza uma sibuyele emuva futhi sathola lapho lomuzi omkhulu, ukuthi wasungulwa kanjani, nokuthi ukuphi, nezinye izinto ngawo, ukuze sithole u—umqondo wokuthi indikimba nokufunda kwethu kusho ukuthini kulobubusuku.

32 IBabiloni lakhiwe esigodini saseShinari, futhi lakhiwa nguNimrodi, indodana kaHamu. NeBabiloni, umuzi waseBabiloni, kwakungumuzi omkhulu kunayo yonke ezweni elaziwayo. Igama elithi i*Babiloni*, kuqala lichaza ukuthi kwaku "ngamasango eparadisi." Okwesibili, kwakubizwa ngokuthi, *ukudideka*, okusho "hlubukile." Nomuzi wawuyindawo enkulu,

zonke izizwe ezizungezile zawuhlonipha, zonke zazitheliswa yiBabiloni. Futhi uba yidolobha elibi kakhulu nelingenandaba.

33 Siyatshelwa ngosomlando, ukuthi kwakungamamayela ayikhulu namashumi amabili ukuzungeza umuzi waseBabiloni, lokho bekuyokwenza amamayela angamashumi amathathu ohlangothini ngalunye. Nezitaladi ezidabula eBabiloni sasi . . . Ngokwejwayelekile ezinsukwini ezedlulayo, abazenzanga ezinkulu, izitaladi ezibanzi, bazenza zaba ngezincane. Njengase-Oslo, esikhathini esingeside esedlule, ngehlela engxenyeni enkulu yedolobha, futhi sasisincane kakhulu ngangokuthi imoto yayingakwazi ukumpintsha indlela yayo idlule, ngoba sasenzelwe izinqola ngaphambi kokuba babe nezimoto. Futhi siyatshelwa ukuthi izitaladi zaseBabiloni zazingamafidi angamakhulu amabili ukuvundla, namasango omuzi ayenziwe amafidi angamashumi ayisishiyagalombili ubude, ngethusi eliqinile, nezindonga zazingamafidi angamakhulu amabili ukuphakama, futhi zazibanzi ngokwanele ngaphezulu, ukuthi babekwazi ukugijimisa izinqola ezintathu ngokulinganisana, umjaho wamahhashi, ukuzungeza umuzi.

34 Kanti futhi kwakungumuzi omkhulu owawunezingadi, izingadi ezinkulu kuzo zonke lezizindonga. Nesigodlo sasiphakathi nendawo nomuzi, futhi zonke izitaladi zaziholela ngqo esigodlweni; iRoma yakhiwe ngendlela efanayo, yabizwa yiBhayibheli lethu, iBabiloni lesimodeni. Futhi yonke imigwaqo iholela eRoma; zonke izitaladi zaziholela esigodlweni.

35 Nesigodlo sakhiwa lapho umfula i-Ewufrathe, owawunisela ngenkasa lesisigodi esikhulu iShineyari, wehla uvela eTigris, futhi—futhi wanisela isigodi ngenkasa, kwakungelikhulu, izwe elicebile. Nalomfula wakhiwa, noma isihlalo sobukhosi sakhiwa, njalo, ukuze umfula ugeleze ngqo phambi kwesihlalo sobukhosi.

36 Manje, uma bangane bami lapha, nina bafundi beBhayibheli, niqonda ukuthi leyo kwakuyiphethini yesihlalo sobukhosi saseZulwini, uMfula wokuPhila ugeleza ngasesiHlalweni sobukhosi sikaNkulunkulu engadini enkulu. Ngakho, niyabo, kwakuwuhlobo oluphendukezelwe lweNkazimulo. Yayingeyabo, futhi yakhiwa, futhi—futhi yakhuliswa nguSathane, njengayo yonke eminye imibuso yomhlaba ibuswa futhi iphethwe nguSathane.

37 Manje, siyazi ukuthi lokho kul'khuni kithi ukukholwa ukuthi isizwe sakithi siyilokho, kodwa iBhayibheli lasho ukuthi kunjalo. Yonke imibuso yezwe ingekadeveli, ungumbusi wayo. UJesu, bhekisisani ngenkathi uSathane eMkhombisa imibuso yezwe, wayesethi, uSathane wathi, "Yonke lena ngeyami, ngenza ngayo noma yini engifuna ukuyenza. Uma uzowa phansi futhi ukhuleke kimi, ngizokunika yona."

38 UJesu wayazi ukuthi Wayezoba yindlalifa kuyo esikhathini seminyaka eyiNkulungwane, ngakho Wathi, "Buyela emva

kwaMi, Sathane."

39 Lapho uJesu ethatha lemibuso, siyotaka izikhali, futhi singabe sisaba nazo izimpi. Ngeke sisaba nokulwa noma izinkathazo, futhi kungasekho nokugula, ukudabuka, noma ukufa lapho uKristu ethatha imibuso yalelizwe ukuba ahlale esihlalweni sobukhosi sikababa waKhe uDavide, ukubusa zonke izizwe. Kuze kube yilesosikhathi sizoba nezimpi, namahemuhemu ezimpi, isifo esingumashayabhuqe, nokuzamazama komhlaba, nokugula, nezinsizi, nesono.

40 Kodwa lomuzi omkhulu, futhi wawungumuzi omkhulu, wawune, kuwo kwakungumfanekiso omuhle kakhulu wezwe namhlanje, ngokuba wawunososayense abakhulu kunabo bonke owayekhona ezweni owayekulomuzi, ibutho elikhulu kunawo onke ababelazi ezweni lalikulomuzi, abondliwe ukwedlula bonke nabantu abagqoke kahle ukwedlula bonke abaziwayo ezweni wayekulomuzi. Nabo bonke abezwe elaziwayo ngalezozinsuku babebuka kulomuzi njengesibonelo sabo.

41 Uma leyo kungesiyo iMelika yesimodeni, angazi ukuthi iyini, ososayense abedlula bonke, njengoba sicabanga, abantu abagqoke kahle ukwedlula bonke. Futhi akusikho lokho kuphela, kodwa uhlelo lwabo lwezolimo, babenokwedlula konke, ngokuba akukho lutho ezweni lonke namhlanje ukuqhathanisa nalesosigodi manje, ungatshala cishe noma yini lapho, ukunisela ngenkasa okuphelele. Basho ukuthi insimu yase-Edene yayiseduze kwalapho. Futhi kwakungu—umuzi omkhulu. Futhi kuyaxaka ukuthi lapho uNkulunkulu eyokwenzela abantu okuthile, khona-ke bathola ukunganaki kuNkulunkulu.

42 Ngikholwa ukuthi kwakunguSolomoni, awu, angicabangi neze ukuthi kwakunguSolomoni, kwaku . . . kungahle ukuba, owakhuleka omunye wemikhuleko emikhulu kunayo yonke ngenkathi ekhuleka kanje: "Nkosi, ungangenzi mpofu ngokwenele ukuba nginxibe noma ngebe, futhi ungangenzi ngicebe ngokwenele ukuba ngiKukhohlwe, ngivumele nje ngibe nokunethezeka kwempilo." Futhi lapho sithola okungaphezu kwalokho, siqala ukudeda kuNkulunkulu, isishiyagalolunye eshumini. Futhi lapho izizwe zomhlaba ziba zinkulu, futhi zibe ngeziziphilisayo zicabanga ukuthi, ziqala ukusuka kuNkulunkulu.

43 Ngenkathi abantu beqala ukwanda phezu kobuso bomhlaba, kwangena isono nodlame. Abanye benu bantu abakhe lapha, kuleli elithandekayo, idolobha elincane enihlala kulo, bekuyoba nzima kimi ukunitshela isono nokunjalo okukulamadolobha amakhulu njengeChicago, eNew York, naseLos Angeles.

44 Ngindizela phezu kweLos Angeles, maduzane nje, ngithathe iphepha owesifazane osizayo anginika lona ebhanoyini, futhi

ngibonile ukuthi ubugebengu obukhulu obuyikhulu namashumi ayisishiyagalombili-nanhlanu obenziwa edolobheni laseLos Angeles ubusuku ngabunye. Ubugebengu obukhulu obuyikhulu namashumi ayisishiyagalombili-nanhlanu! Futhi izimilo ezimbi sidedeliwe. Futhi basho ukuthi impendukezelo, ubungqingili, bande ngamaphesente angamashumi ayisithupha ngonyaka odlule. Cabanga ngakho! Bese kuthi-ke ukukala ngalokho okwashiwo nguNkulunkulu: "Njengoba kwenzeka emihleni yaseSodoma, kuyakuba njalo ekufikeni kweNdodana yomuntu."

45 Nomama bangibhalela izincwadi ngabafana babo ophile ngokungamesabi uNkulunkulu kakhulu ezimpilweni zabo ezisencane, nalamaqola entsha, kuze kuthi imizimba yayo yemvelo, kanjalonjalo, ingcolisiwe futhi yaphendukezelwa, baze bahlale ndawonye, amagumbi asemahhotela nezindawo. Aniqondi nje, bantu, ukuthi isimo esinjani lendawo esikuso, kubi ngokuphindwe kasigidi kunoma ubungacabanga nje; awukutholi emsakazweni nasephepheni, impela akunjalo. Ufanele uhambe ukubone ukuze ukuqonde. Futhi yini eyenza lokho na?

46 BesiseSwitzerland maduze nje emhlanganweni, nabantu abanganaki abanje engingakaze ngibabone. O, babekholwa impela, ngeSonto ekuseni ubuyocabanga ukuthi isikhathi seminyaka eyiNkulungwane bese sikhona, izinsimbi ezincencethayo ziyakhala yonke indawo amahora, kodwa besika izimpaphe ngezikelo, futhi bephonsana ngamalumbo, nokuba nobugovu, nokunganaki.

47 Ngenkathi ngithatha iphepha ngokusa okulandelayo emva komhlangano kaBilly Graham, wawuqeda ngoMgqibelo, futhi ngiqala endaweni efanayo ngeSonto, futhi bathi a—bathi abathumelanga ukuba eze, bathi wayefanele ahlale ehhotela elihle kunawo onke elalikhona edolobheni, bathi waya epulpiti njengokuya ebhokisini elincane lezigqoko nokhololo, esikhundleni sepulpiti, kungekho kushwabana ezingutsheni zakhe. Futhi wafaka ubuqhathanzipho ezinweleni zakhe, kumbe noma ngabe iyini leyonto, wayifaka ezinweleni zakhe. Futhi bathi wayesho izinto ezinjengomuntu omangalisayo, umMelika, umdayisi wensipho. Futhi bathi amakha kuye, wawungamhogela amafidi ayishumi ukuqhela.

48 Ngangazi ukuthi ngangizohlaselwa, ukuthi babezothini ngami. Futhi kwakukubi kunalokho, bathi ngangiyisangoma esiphucukile. Kungani na? Leso yisimo se—sesizwe esifika endaweni lapho abangaphila khona ngokutamasa. Abakaze babe nempi kusukela ngesikhathi sika-Arnold von Winkelried. Futhi bawela umngcele bangena eJalimane lapho ababeshaywe khona babalahla-phansi, beza begaqa ngokuzithoba, base belungele.

49 Ngivakashela eFinland, lapho umfana omncane avuswa

khona kwabafileyo, ngisho namaculo abo akokuncane, athandekayo, bevuma ukwemukela uKristu, ngoba bashabalaliswa lapho uHitler adubula khona ngomshinigani sonke lesosigejane samadoda, wanquma sonke isizwe phansi cishe emahoreni angamashumi amabili-nane. Izixuku zabantu esitaladini, bonke abasha, abafelokazi. Yonke into yayiqotho.

50 Bese-ke ngibuyela ngqo eSweden, o, ukunganaki. Ngiyaxolisa ngesisho, kodwa isisho saseMelika sino*kuziqhenya*. "Suka nje esitaladini." O, imidanso emikhulu esitaladini, nayo yonke into, ubusuku bonke, cishe. Nakho lapho okhona, lapho uphumelela, uyamkhohlwa uNkulunkulu, leyo yinkambiso nje yezwe. Futhi leyo yinto efanayo eyenzeka lapha eBabiloni.

51 Nakuba babazi okwehlukile ngoba babekade benemvuselelo isikhathi eside ngaphambi kwalokho phansi kweNkosi uNebukadinezari, babenenkonzo engaphezu kwemvelo ezansi lapho eBabiloni, ezinsukwini ngaphambili, kanjalo nathi, futhi babenezibonakaliso nezimanga phakathi kwabo. UNkulunkulu wakhulula abafana abathathu esithandweni somlilo ngokunye ukusa; baphosa umprofethi emphandwini wezingonyama, futhi izingonyama azizange zimudle. Babazi ngokungaphezu kwemvelo, babazi ngoNkulunkulu, kodwa babengenandaba, ngoba bazizwa benobugovu, benokuzimela.

52 Futhi kucishe kube lapho esifike khona namhlanje, ukuzimela, asidingi lutho olunye. O, iBhayibheli lathi, "Wena ungolusizi, owokuhawukelwa, ophuphuthekile, ompofu, nohamba-ze, kanti kawazi," kulonyaka esiphila kuwo manje.

53 Manje qaphelani, ngalesisikhathi salezi ezinkulu kakhulu, izindonga eziphakeme, akukho sizwe esasingazeqa lezozindonga, zaziqinisiwe kakhulu, ngaphandle kwalokho, babenempi enkulu kunazo zonke ezweni, futhi babenezinqola ezedlula zonke, futhi babenamadoda abo omkhonto abedlula bonke, amadoda aqeqeshwe ukwedlula onke, ngakho bazizwa sengathi babengaphila nje noma ngayiphi indlela ababefuna ukuphila ngayo. Futhi lokho kuba yisimo salesisizwe.

54 Manje khumbulani, ngi. . .Ngiyasithanda lesisizwe, yizwe lami. Ngenkathi ngedlula eFransi naseJalimane, ngahamba phezu kwamathuna oBranham abafileyo abafela lelizwe. Yizwe elikhulu kunawo onke emhlabeni, kodwa lidinga ukunyakaziswa. Futhi akunandaba ukuthi senzani, uNkulunkulu uzokwehlulela lesisizwe, uNkulunkulu olungileyo uyofanele akwenze. Washisa iSodoma neGomora nya ngenxa yezono ezifanayo esizenzayo manje, futhi uma Esivumela sedlule, ukuba abe nguNkulunkulu olungileyo, Ubeyofanele avuse iSodoma neGomora, futhi axolise ngokubashisa uma sizedlulela ngaphandle kwakho.

55 O, wena uthi, "Kodwa okhokho bethu, benza *ukuthi-nokuthi*."

56 Awu kuthiwani ngamaJuda, ngenkathi uNkulunkulu ewatshela ukuthi ayeyisizwe saKhe nabantu baKhe na? Kodwa lapho bephuma emgqeni, uNkulunkulu wawajezisa amaJuda; noweZizwe uzothola okufanayo, kuza kukho.

57 Manje bhekisisani imiBhalo njengoba siza kuYo, kwangathi uMoya oNgcwele angaYisombulula.

58 Manje, kulomuzi omkhulu babenenqwaba yokuzitika, futhi bephila ngokungamesabi uNkulunkulu, abesifazane, nonondindwa ababebizwa ngezancinza, unondindwa, amantombazane aseHollywood, futhi babenakho konke lokho emuva lapho ngalezozinsuku.

59 Futhi ngolunye usuku babene . . . Inkosi yabo yayingumfana ochomayo kakhulu, noma u-Elvis Presley omuhle ngempela, futhi yanquma ukuthi yayizoba nomcimbi omkhulu womculo wokuzibinya ngobunye ubusuku, futhi yalungiselela yonke into, ngakho yavele nje yathumela izimemo kosaziwayo bombuso wayo, ngoba yathi, "Akukho okungasikhathaza. O, lezozinganekwane ezindala eziyinkungu abasitshela ngazo ngezinto ezithize: umbhedo. "Asidle, siphuze, futhi sijabule. Asibe nesikhathi esimnandi, siyisimodeni, sifanele siphile isimodeni."

60 Uma uphila isimodeni, uzobhubha. Bukani usuku lwethu lwesimodeni futhi uluqhathanise nalokho.

61 Futhi ngakho yathi, "Sizoba nomcimbi omkhulu," kwenye yalezizingadi ezinkulu eyayinazo. Ngakho sengiyayibona ilungiselela yonke into, yakwenza njengokusakaza kwesimodeni ngempela. Ngakho yaya emva kwesigodlo, futhi yathumela izimemo, nazo zonke izintombi nomama abasebancane, bathola umuntu ozobagadela izingane, ngoba babemenyiwe kulomcimbi, nawo onke amasosha ayezoba lapho, babezoba nesikhathi esikhulu, njengeMelika yesimodeni nje.

62 Futhi ngakho-ke, sengiyabona bethola ezabo ezincane, izingubo eziveza isifuba, neziveza imihlane futhi niyazi, njengoba beya kulemicimbi, bakubiza ngezingubo zakusihlwa, noma okunye.

63 Niyazi, ngesinye isikhathi ebandleni lamaBaptisti ngangishumayela, futhi bengihlala njalo . . . Nginesiqephu esincane sephepha ebengifanele ngisiphathe, ngi—ngikholwa ukuthi sakhishwa kwi*Reader's Digest*, sasho ukuthi owesifazane oyohhundula izingubo zakhe ezitaladini kanjalo phambi kowesilisa uhlazisa uhlanga lonke lwabesifazane. Kunjalo, kubehlisa isithunzi. Akumangalisi bengasenayo inhlonipho, bazilethele khona, begqoka amasudu okubhukuda, futhi beba nokuyobulwa yilanga ngemuva, bakubiza kanjalo.

64 Nginamantombazane amabili, angazi noma ngizophila noma qha, lokho kukuNkulunkulu, uma ake azelulele ogwini lolwandle ukuba ayobulwe yilanga, azothola ukuyobulwa yindodana, ngeke kuvele ku*lelo*langa, kodwa kuzovela endodaneni kaMnu. Branham, neplangwe lomphongolo, ngibangenisa kanzima nje engingakwenza. O, kuyihlazo ukucabanga ukuthi isizwe sakithi singcolile!

65 Futhi lapha kulolusuku olukhulu, bazilungiselela umcimbi omkhulu ababezoba nawo. Futhi balungiselela, futhi bathola yonke iwiski, ne-Oertels '92, kumbe noma yini ababenayo ngalezozinsuku, futhi wakuletha ngale endaweni esigodlweni. Futhi babezoba nomdanso omkhulukazi lapho, "Kungukuzijabulisa okuncane nje okungenacala." Impela.

66 Ngakho manje bafika ngale kulendawo, nezibani zakusihlwa ziqala ukuvutha, futhi bakhanyisa amakhandlela nxazonke, futhi bonke bangena ekuphuzeni futhi beqhubeka futhi benesikhathi esimnandi, nomculo wawudlala nomdanso wawuqhubeka, futhi babenesikhathi esimnandi. Futhi emva kokuba sebephuzile kancanyana, nabesifazane bathi ukungahleleki, futhi bengenandaba ukuthi abesilisa babenzani, babehlala ngasezingalweni zalamasosha adakiwe, futhi mhlawumbe omunye umuntu ekhaya, enakekela ingane yabo.

67 Wena uthi, "Lokho kwakusemuva le ezweni labahedeni."

68 Lokho kulapha e-United States. Impela kunjalo. Futhi babe. . . Ubaba ehlezi ekhaya ethunduzela ingane, ngenkathi umkakhe, engowesifazane omuhle, wamenyelwa emcimbini, futhi uba ngumzanyana. Mhlawumbe kwakuphambene nalokho: Ubaba wayengumdansi wokushwibeka owaziwayo, ngakho wamenywa, nomama wahlala ekhaya enakekela ingane. Umhlanekezeli. . . Isono siyesabeka! Kuyiqiniso, bobabili owesilisa nowesifazane, oyedwa unecala nje ngokufanayo nomunye.

69 Futhi lapho umcimbi ungena kahle, nakho konke okucwebezelayo, no-Arthur Godfrey wesimodeni uqala ukusho amahlaya akhe amancane, niyazi, ngakho waba nesikhathi esikhulu. Nabesifazane becula futhi beqhubeka, babecabanga ukuthi babephephile, babenakho konke ababekudinga, babezondla. Ngakho niyazi ukuthi laba bafo baseHollywood bazama kanjani ukusho lamahlaya, kuyihlazo ukuthi abazihlungi lezozinhlelo. Thatha lawomantombazane amancane angenayo iminyaka eyishumi nambili ubudala phandle ezitaladini, nabafana bewagaxile, ebhema osikilidi, ehamba ehla ngesitaladi, ezama ukulingisa omunye unondindwa omdala ovela eHollywood!

70 Futhi abantwana bale-United States of America bangakutshela kakhulu ngoWyatt Earp kunokuba bebengakutshela ngoJesu Kristu; bangakutshela kakhulu

ngoDavid Crockett kunoma bebengakutshela ngoJesu Kristu. Bayafundiswa futhi bayaqeqeshwa, futhi bakubiza ngesimodeni! Kuyihlazo kulo impela ifa lethu lokhokho bethu abehlela ePilgrim Rock futhi babeka lokhu njengesizwe; kuyihlazo kuNkulunkulu waseZulwini, Osibusisile.

71 Yini eyenza abantu baziphathe ngendlela abenza ngayo na? Bakubona kwitelevishini, emibukisweni, emaphepheni, kanjalonjalo, futhi bazame ukulingisa. Mangingene ekhaya lakho, ake ngibone ukuthi ufundani, ngilalele ukuthi hlobo luni lomculo olulalelayo, ngingakutshela ukuthi wenziwe ngani. Okungaphakathi kuwe, lokho kuzophuma.

72 Ngangishumayela e, itabernakele lethu, esikhathini esithize esedlule, futhi, o, uMoya oNgcwele wangena emhlanganweni, nomunye wesifazane uqala ukukhala izinyembezi nezandla zakhe ziphakeme. Futhi ezinsukwini ezithi azibe mbili kamuva, ngahlangana nothisha kaSonto sikole ovela kwiFirst Baptist Church, wathi, "Billy, bengimi ngaphandle," (Abangithandi kahle kakhulu, ngoba ngishumayela ukuphulukisa ngokukaNkulunkulu, ngishumayela iVangeli eligcwele, lokho uKristu akufelayo, iVangeli eligcwele, ukuhlengwa okugcwele.), futhi wathi, "Bengijabulela uMlayezo wakho kwaze kwathi lowo wesifazane waqala ukukhala," futhi wathi, "lokho nje kwenze uhlevane luqubuke emhlane wami."

73 Ngathi, "Usho lowo othandekayo, ongcwele, umama omdala ohlezi emuva lapho ekhala izinyembezi, futhi kwenze uhlevane luqubuke emhlane wakho ngenkathi ubejabula eMoyeni na? Uma ungake ufike eZulwini, ubuyobulawa amakhaza, mfana, uzozwa okuningi kwakho ngenkathi sifika lapho, ngoba iBhayibheli lasho njalo."

74 Wase-ke exhuxhuma kakhulu ngoba iFirst Baptist Church lineqembu lebhola, futhi ngabezwa ngale emva kwendlu yami bedazuluka uze ungakwazi ukuzizwa ucabanga. Futhi ngathi, "Ubuyini wonke lowomsindo laphaya na?"

Wathi, "Uyamazi uCharlie Nolan na?"

Ngathi, "Yebo."

Wathi, " Ulishaye laya kude, namadoda amathathu kwi-bheyisi."

75 Ngathi, "Uxhuxhunyiswe yini kangaka na? Uma uthe lowo wesifazane ubengumgingqiki ongcwele, khona-ke ufanele ube ngumgingqiki ongengcwele." Kunjalo. Niyabo? Sekuphenduke kwaba yisimodeni kakhulu nje, kushiye uNkulunkulu ngaphandle kohlelo lwakho.

76 Kwakuvamise ukuthi, omongameli bethu babeya ehhovisi labo ngomkhuleko, ikhabhinethi yayiholwa ngomkhuleko. Kukuphi namhlanje na? Ngiyamthakasela umongameli wethu esinaye, angisuye umDemokrati noma umRiphabliki, kodwa,

ngingumKristu, kodwa, ngiyamthakasela uMnu. Eisenhower, kodwa beka uMnu. Eisenhower kuzo zonke izifundazwe kulesisizwe, asisoze sakuzamazamisa, siphethwe yizinkunzi, futhi siboshelwe ekwahlulelweni. Seqe umugqa phakathi komusa nokwahlulela, siqonde kukho, kanjalo nabo. Babazi kangcono, kanjalo nathi.

77 Kodwa banesigejane sabashumayeli ngakukho abathe lezozinto zadluliswa emuva nomkhulu, uNebukadinezari, kudala. Kwase kuthi-ke ngenkathi besekulokhu okukhulukazi ukuqhubeka, umculo wokuzibinya, futhi benesikhathi esikhulu, niyazi, lona wesimodeni, umfana waseHollywood, niyazi, njengoPea-Picker Ernie, bakhuphukela lapho, futhi wayefuna ukusho ihlaya, ngakho wayefuna ukusho ihlaya ngenkolo, niyazi, "umshumayeli onempandla," noma—noma into ethize enjengaleyo, isho olunye uhlobo lwehlaya elinenhlamba, ngakho wahamba futhi wathatha izitsha ezingcwele (Eniyisitsha seNkosi manje.), ukusho ihlaya ngalokho, futhi wathi, "Sizohamba silande lezozinto futhi siphuze iwayini kukho."

78 Senake nababona abantu nje befuna ukuziphathisa okohlakaniphile na? Ngabe izwe lakithi laseMelika alinjalo nje na? Bakhafulele onyaweni lwakho nje ukukukhombisa ukuthi bebengakwenza. Baphafuze intuthu, futhi ukhuluma ngokuthi, "Akulungile kuwe ukubhema," khona-ke bayokubuza, bathi, "Hheyi, ungumshumayeli oshumayela ngokumelene nokubhema na? Ukuthanda kanjani lokhu na? *Whewu!*" Kubukeka sengathi . . . Uzosha masinyane ngokwenele.

79 Uma uNkulunkulu ubefuna ubheme, Ubeyokwenza isitaki sentuthu phezu kwakho, noma enye into *ethize enye*, akunike umkhuhlane. Awudalelwanga into enjalo, wukhula lukadeveli. Manje-ke qaphelani, futhi inqwaba yenu bashumayeli niyakusebenzisa, ngiyanidabukela! Uma ungesiso isibonelo esihle sobuKristu: ukubhema osikilidi! Nani badikoni enibhema osikilidi, nishade kathathu noma kane, bese-ke kuba yidikoni endlini kaNkulunkulu ophilayo, uma lokho kungesilo ihlazo! Akumangalisi sisenxushunxushwini, akumangalisi abesifazane begqoke izingubo zamasaka nezikhindi, nezinto ezinjalo, uma unabashumayeli nabadikoni kanjalo. E-hhe. Yithikithi lokudla, esikhundleni sokuthunywa okuvela kuNkulunkulu ngaleyonkathi.

80 Qaphelani, futhi ngenkathi wayesanda kubathola bonke, abesifazane beqamele phezu kwemihlane yamasosha, futhi babenza umdanso wabo omncane wokudlukudlukuza, njengoba sikubiza entshonalanga *ngobudukluduklu*, bonke benesikhathi esimnandi, bebhiyoza. Bonke bacashile, akukho lutho olwalungabakhathaza, basemva kwezindonga ezinkulu.

81 Futhi sengiyambona losomahlaya wesimodeni esukuma, niyazi, ekusakazeni kwethelevishini futhi ahambe ayothola

elihle, ihlaya lezenkolo, owayenalesisitsha endlini yeNkosi ukuba ahlekise ngaso, esithela sigcwale iwayini, futhi lapho nje eqala ukuphuza, wabheka, kwenzeka kwabakhona uMuntu ongeza ngale kodonga, waqaphela isandla soMuntu ngale ngokuqondene nalapho amakhandlela amakhulu ayelokoza ukukhanya kwawo phezu kweplasta, sibhala umlayezo lapho, ukuthi wayengakaze akubone ukubhala okunjalo. Ngakho-ke sengiyabona lapho eqala ukuphuza futhi ubona lokho, amehlo akhe ayaqhuma, amadolo akhe ayashayisana, futhi uthuthumele ngempela, impela unjalo, lowo Elvis wesimodeni.

82 IBhayibheli lathi amadolo akhe ashayisana, namathambo akhe abonakala sengathi ayehlukana. Kuyoba yisikhathi sokuzamazama, kulungile, ngolunye lwalezizinsuku, bhekisisani nje, akukude kakhulu. Futhi ngempela wathuthumela ngaleyonkathi.

83 Futhi into yokuqala niyazi, omunye omncane, uJezibele obuso bupendiwe waqalaza, wathi, "Yin'indaba na?" Kwase kuthi-ke wathuthumela kakhulu.

84 Wayesecabanga-ke, "Awu manje, awume kancane, akekho ongangena esangweni, abaqaphi basesangweni. Akekho ongeqa udonga, silukhanyisile udonga." Kodwa uNkulunkulu angabuka phansi. UNkulunkulu uyasizonda isono, Uthanda isoni, kodwa Uyasizonda isono; Uyayithanda iMelika, kodwa Uyasizonda isono sayo; Uyalithanda ibandla laKhe, kodwa Uyasizonda isono ebandleni. Futhi akukashintshi, umoya awufi, imimoya efanayo owawukulabobantu, ikulababantu namhlanje. Udeveli uthatha umuntu wakhe, kodwa neze umoya wakhe; uNkulunkulu uthatha umuntu waKhe, kodwa neze uMoya waKhe.

85 Niyakhumbula uMoya wawuphezu kuka-Eliya, wafika phezu kuka-Elisha, kwase kuba kuJohane umBhaphathizi. UMoya oNgcwele kuKristu wehla, bese kuthi-ke labobaFarisi nabafundisi bosuku lukaJesu, babuke namhlanje; bukani emuva lapho eBabiloni, kulabo abeZizwe, bukani ukuziphatha kwalababeZizwe namhlanje. Vukani ngaphambi kokuba kwedlule isikhathi kakhulu ukuba nivuke; ngiyesaba ukuthi kunjalo. Nakho lapho okhona.

86 "Futhi asikaze sibone noma yini enjengaleyo." O, wathi, "Bizani onke amagosa esigodi, bonke abelusi, nababhishobhi, nokhadinali, nophapha, bakhiphe bonke lapha, lamadoda kamoya azokuqonda lokhu."

87 Futhi ngenkathi ehamba futhi wathola bonke ababhishobhi, nokhadinali, abelusi, nophapha, futhi wabakhiphela bonke lapho, babengazi lutho ngezilimi ezingaziwa, ngezinto zikamoya. Abakaze bezwe ngento enjalo, abakaze bezwe ulwimi olunjalo. "Awu," bathi, "asazi lutho ngalezozinto." Into kuphela ababeyazi kwakuyizivumokholo zabo, nezincwadi zabo zomkhuleko, nesayense yabo yezenkolo.

88 Uma lokho kungesiyo iphethini yebandla laseMelika namhlanje, angikwazi. Abazi lutho ngokungaphezu kwemvelo, abanandaba ngalutho ngokungaphezu kwemvelo, abakholelwa kokungaphezu kwemvelo. Into kuphela abayaziyo, ukuthi bayiPresbyterian, iBaptisti, iMethodisti, iPentecostal, kanjalonjalo, yilokho kuphela abakwaziyo.

89 Ngezinye izikhathi abazi kakhulu ngoNkulunkulu kunoma iLawu beliyokwazi ngobusuku baseGibhithe. Futhi yileyondlela okuma ngayo. Njengoba kwakunjalo ngaleyonkathi, kunjalo namanje. Kodwa sicabanga ukuthi siphephile inqobo nje uma siyiBaptisti; ngizokhuluma ngebandla lami uqobo, ngiqagele lokho kulungile. "Inqobo nje uma siyiBaptisti, sikahle." Awukahle uze uzalwe ngokusha, ungajoyina onke amabandla amaBaptisti ezweni, futhi uye esihogweni njengematini iya ebhokisini layo, nanoma yibaphi abanye babo.

90 Futhi qaphelani manje ukuthi kwenzekeni, nabobonke laba babhishobhi, nokhadinali, kanjalonjalo, babengaqondi ukuthi okungaphezu kwemvelo kwakuyini, ngakho-ke bonke bathuthumela, bonke babenjalo, babengazi ukuthi benzeni. Kwakukhona into ethize engaphezu kwemvelo eyenzeka futhi akukho-muntu owayenempendulo. Ayibongwe iNkosi uNkulunkulu!

91 Into efanayo iyenzeka, futhi abanayo impendulo, kukhona isandla esiloba odongeni, futhi abanayo impendulo, isizwe sonke siyathuthumela. Sasicabanga ukuthi sasinososayensi ababedlula bonke, sasicabanga ukuthi sasinakho konke okwedlula konke, kodwa kukhona cishe isputniki esingamathani amabili sizungeza lendawo kulobubusuku, futhi asazi lutho ngakho.

92 Utheni uBilly Graham emavikini ambalwa nje edlule na? "Akukho neyodwa into yokusivimbela ukuba sibe yisathelayithi yaseRashiya ekuseni, akukho lutho." Bakude kakhulu ngaphambi kwethu kuze kube yihlazo.

93 Bathini ososayense bangempela ngakho na? Ngibabone ezingxoxiswaneni ngoluny'usuku, bathi, "Sifanele sibexwayise abantu, noma sifanele nje sikugcine kithi na? Ufuna ukuthini ngakho na?" Wathi, "Akukho-nto yokubavimbela ukuba bakwenze." Abayikusazisa zonke izimfihlo zabo. Futhi, kodwa abanye abanamasathelayithi phezulu lapho bebengahamba . . . Bekungavimbani kulobubusuku cishe abayisithupha babo ukuba bakhuphuke, futhi uza ngqo phezu kwe-United States, futhi uthi, ngalezizikhali zehayidrojini (Asikwazanga ukufinyelela kuzo.), uthi, "Kulungile, zinikele, noma ube ngumlotha"? Bekuyokwenzekani na? Lokho kungenzeka ngaphambi kokusa. Bekungeke kuphikisane neBhayibheli, bekuyogcwalisa iBhayibheli; izizwe zikulungele.

94 Umbhalo wesandla awukho odongeni manje, kodwa usezibhakabhakeni lapho uJesu athi uyoba khona, "Kuzobakhona izibonakaliso emazulwini phezulu, izinhliziyo zamadoda zihluleka, ukudideka kwe...usizi lwezizwe, ukudideka kwesikhathi, ulwandle lubhonga." Akukaze kuwo wonke umlando wezwe kube khona amagagasi amakhulu esinawo manje; bukani iChicago ngeSonto eledlule nakho konke phansi naphezulu ogwini. Ukudideka kwesikhathi, usizi phakathi kwezizwe, isandla esiloba odongeni, nokubuya namandla kaMoya oNgcwele eBandleni.

95 Umprofethi wathi kuyobakhona usuku, lalelisisani manje, ningakugeji lokhu, umprofethi wathi kuyofika usuku olungayikuba ngubusuku noma imini, kodwa ngesikhathi sokuhlwa, kuyoba ngukuKhanya. Ihamba kanjani impucuko na? Kusukela empumalanga kuya entshonalanga, njalo. IShayina yimpucuko endala kunazo zonke; sesivele sifikile lapho iMpumalanga neNtshonalanga ihlangana khona. Ngifisa sengathi ngabe besinezinye izinsuku ezimbalwa ebengingathanda ukushumayela ngalokho: *Lapho IMpumalanga NeNtshonalanga Ihlangana*.

96 Yaqala kanjani impucuko nobuKristu ezweni lasempumalanga na? Ngokuthululwa kukaMoya oNgcwele, ukubonakala kweNkosi uJesu, izibonakaliso nezimanga zenzeka, khona-ke iziNkanyiso zacisha. Kube wusuku olukhwantabele, kungesibo ubusuku noma imini. Kuyini na? Kwenele ukusho ukuthi kwakukhona iBhayibheli, ngilifundise njengeNto yomlando, into ethize eyenzeka emuva lapho, kodwa akukho-mandla, ukuze nje bakwazi ukujoyina ibandla futhi yilokho-ke, kukhwantabele nje, abanakho ukuKhanya okwenele. Kodwa lapho ilanga lishona eNtshonalanga, Wethembisa ukuthi Uyokhanyisa ukuKhanya okufanayo kubantu baseNtshonalanga Akukhanyisele abaseMpumalanga.

97 O, kulapha, iNkosi uNkulunkulu ifike ngamandla kaMoya oNgcwele, futhi Ikhombisa izibonakaliso ezifanayo nezimanga Eyazibonakalisa kubantu basempumalanga eminyakeni eyizinkulungwane ezimbili eyedlula. Kade lihwaqabele futhi limnyama, kodwa kusihlwa, kuyakuba ngukuKhanya, ngesikhathi sokuphela.

98 "Futhi ngalezozinsuku izinqola ziyodlanga ezindleleni ezibanzi." Inhliziyo yamadoda yehluleka. Isifo senhliziyo esiningi...Ini? Lokho akusibo abesifazane, abesilisa; Akazange athi izinhliziyo zabesifazane, izinhliziyo zamadoda. O, isayensi nezinkampani zomshwalense zithi ngamaphesenti angamashumi ayisishiyagalolunye amadoda. Inhliziyo yamadoda yehluleka, isibonakaliso, isigxobo.

99 "Izinto ezesabekayo ezulwini phezulu," amasputniki. O, sasicabanga ukuthi sasine...sivikeleke nje ngakho konke,

ngakho-ke sinikela kumculo wokuzibinya wesimodeni, nesono, nokuqhubeka, nokuzitika ezintweni zezwe, futhi siyekele ibandla lodwa, sihlale ekhaya ngoLwesithathu ebusuku ukubona, u*We Love Susie*, amathelevishini nezinto, futhi sidedela ibandla lihlale lingenalutho.

100 Futhi baxosha umelusi oyifeshini endala, base befaka elincane, elinekhanda elimayakayaka, igundwane laseHollywood phakathi lapho elalingazi lutho ngoNkulunkulu kunonogwaja wazi ngezicathulo zaseqhweni, futhi nilifake lapho bese nilibiza ngomelusi wenu, nikhetha into enjengaleyo. Esikudingayo namhlanje oyifeshini endala, ongumlilo wasesihogweni, nomshumayeli wesibabule emuva epulpiti ukuphatha iVangeli engafake lutho ezandleni, ukubiza okumnyama, ngokumnyama, nokumhlophe, ngokumhlophe. Sesidlale inkolo isikhathi eside kakhulu, iBhayibheli lakusho lokho. Ningahle ningangithandi kangako emva kwalokhu, kodwa eNkantolo yokwaHlulela, nibone ukuthi yikuphi okulungile nokungalungile, lokhu kuvela eZwini.

101 Bhekisisisani manje, o, wathuthumela kakhulu. Futhi ababhishobhi bonke bathuthumela, abazi ukuthi bazokwenzenjani, bangeke—bangeke. . . bane. . . abanayo impendulo yalokhu. Futhi kanjalo abazange. Abakwazi ukukwenza, ngoba babazi ukuthi kwakukhona uNkulunkulu waseZulwini.

102 Khona-ke ngenkathi konke lokhu kusenzeka, niqaphelile ngalesosikhathi, indlovukazi encane iza igijima ingena ehholo ledili na? Yayikade ingekho emcimbini womculo wokuzibinya, ingahle ukuba yayikhuleka ndawo ndawo, futhi ingena igijima, yayingazitiki esonweni sabo, futhi yangena igijima, yayisithi, “O, Nkosi, phila kuze kube phakade!” yayazi ukuthi yayizobulawa esikhashaneni esincane, kodwa yamnaka. “Yebo, Mbhishobhi! Yebo, Mfundisi ohloniphekile! Yebo, Dokotela!” Lokho kulungile ukukunaka, kodwa isikhathi sesiseduze. Yathi, “O, Nkosi, phila kuze kube phakade!” Yathi, “Ungathuthumeli kakhulu, ngokuba kukhona indoda embusweni wakho eqonda okungaphezu kwemvelo, ebingahumusha lezozilimi, lapho.”

103 Ayibusiswe iNkosi! Kukhona uMuntu namhlanje, lowoMuntu nguJesu, kukhona uMuntu oqonda okungaphezu kwemvelo, kukhona uMuntu ongahumusha lonyaka esiphila kuwo, kukhona uMuntu phakathi kwethu onempendulo kulemibuzo: iNkosi uJesu.

104 “Kukhona umuntu,” wathi. . . yathi, “onomoya omuhle kakhulu, uMoya kaNkulunkulu uphakathi kwakhe, futhi angaqonda, ngoba unesambulo nokuhumusha, futhi uzokuqonda.”

105 Futhi bathi, “Thumela ulande lomuntu.” Sekwedlule isikhathi kakhulu ngaleyonkathi, babefanele bamlalele

lowomuntu ngaphambi kokuba lokhu kwenzeke. "Thumela ulande umuntu, futhi sibone ukuthi uzothini."

106 Futhi bathumela futhi balanda uDaniyeli. Manje, babengaphuphuthekile, babehambe ngqo beqa phezu kokufundisa kukaDaniyeli, bahamba baqonda ngqo beqa phezu kokushumayela kwakhe okunamandla, nezibonakaliso nezimanga ayezenzile, futhi besaphila esonweni.

107 Uma leyo kungesiyo iMelika yesimodeni, angikaze ngiyibone, beqa phezu komshumayeli oyifeshini endala, "Mphoseni ejele uma kunesidingo, susani uhlanya oludala olunjalo, asimfuni." Bahamba beqa ngqo phezu kwakho, futhi bamzonde ngempela, futhi bambiza ngazo zonke izinhlobo zamagama amabi, njengomgingqiki ongcwele, noma into efana naleyo. "Asidingi ukukubekezelela lokho, sinebandla elinomqondo kulo." Kodwa ngabe linoMoya kulo na? Into elandelayo.

108 Ngakho bahamba beqa phezu kokufundisa kukaDaniyeli, futhi ngakho abazanga ukuthi lezizinto zaziyini.

109 Nabanye babashumayeli bethu namhlanje, ushiye ngaphandle. . . Ngifunde indatshana lapha, kungekudala. Nginakho ebhukwini lami lokubhala, lapho umshumayeli waseMelika, bathathe ukuhlaziya ukuthi ubani owayekholelwa ekufikeni kwangempela kweNkosi uJesu, namaphesenti angamashumi ayisikhombisa nesishiyagalombili abashumayeli baseMelika, bakuphika ukubuya kwangempela kweNkosi uJesu. IBabiloni! Futhi kwakungaphezu kwalowo owaphika ukuzala kwentombi. Ubheke kanjani ukwakha iBandla likaNkulunkulu ophilayo phezu kwezincithakalo ezinjalo namalahle aseSodoma njengalokho na? Akusoze kwasebenza mngani.

110 Uthi, "Yini olukhuni ngayo, Mfowethu Branham na?"

111 Ngiza lapha ngenhloso eyodwa: ukubeka isisekelo semvuselelo, uze ubuyele emgqeni omdala wokugweda, awusoze waba nemvuselelo. Ibandla lizofanele lihlanzwe futhi liqale phansi futhi phezu kwesisekelo sikaKristu, iDwala eliqinile. Yonke eminye imihlabathi namahlelo ayizihlabathi ezibishayo ezizodlula, kodwa ngiyesaba cishe sesidlulelwe yisikhathi kakhulu, kusesibhakabhakeni.

112 Wathini uDaniyeli na? Ucabanga ukuthi lowomprofethi ongcwele wathini ngenkathi ema phambi kwenkosi, ethi, ngenkathi ithi, "Ngizokutshela ukuthi ngizokwenzani, Daniyeli, ngiyaqonda ukuthi ungahumusha, ukuthi ungahumusha izilwimi ezingaziwa, kanti futhi, ukuthi ungaba nezambulo nemibono, Daniyeli, uma nje uzoza lapha futhi usibambele imvuselelo, sizokunika yonke imali oyifunayo"? Futhi omunye uDaniyeli wesimodeni wayeyowela kulokho ngokushesha impela.

113 Kodwa uDaniyeli wathi, "Gcina izipho zakho." Nango umuntu kaNkulunkulu. "Awungenzi umbhishobhi phezu kwalaba bafo, angifuni-mbhishobhi noma iziqu zobudokotela, ngifuna ukuhlala nginguDaniyeli, entandweni yeNkosi.

114 Futhi uma iningi lenu bashumayeli liyoyeka ukuzama ukugcizelela kakhulu kangako kulowo*dokotela*, no*mbhishobhi*, ne*gosa*, nezinto ezinjalo, futhi ubuyele emuva ube ngumfowethu nenceku kaKristu, uhlanganise iBandla laKhe, ube ngcono. Izimpaphe ezigqokweni, okudingayo nguMoya enhliziyweni.

115 Futhi babelapho-ke, futhi silapha-ke, isandla esilobayo sisodongeni. UDaniyeli wathi, "Ubufanele wazi kangcono kunalokhu, Nkosi, uyihlo, uNebukadinezari, wayenalolohlobo lomoya phezu kwakhe, futhi uyazi ukuthi uNkulunkulu wamenzelani." Kodwa wathi, "Ngaphandle kwakho konke lokhu, izinsuku zakho zibaliwe."

116 Ngaso lesosikhathi esifanayo, lapho ababecabanga ukuthi babevikelekile nabo bonke ososayensi ababedlula bonke, amasosha awedlula onke, abahamba ngezinyawo ababedlula bonke, konke okwedlula konke, amaMede namaPheresiya, isizwe esingamesabi uNkulunkulu, amamayela amaningi ukuqhela, osomlando bayasitshela, babedlulise umfula i-Ewufrathe. Abakwazanga ukweqa izindonga, impela qhabo, abakwazanga ukungena kuzo, kodwa babezilungele. Futhi isizwe esingamesabi uNkulunkulu sasinqume umgodi, futhi sedlulisa umfula i-Ewufrathe wehla ngezintaba, futhi sabeka lesi sikhala esincane kabili, futhi sedlulisa umfula.

117 Futhi khona lapho labo besifazane besezingalweni zamasosha, futhi lapho bethole isimo sabo sokudakwa nakho konke ukungamesabi uNkulunkulu kwabo, begqoke izingubo ezikhanukisayo, namadoda aseBabiloni, nabawo besimodeni, o-Elvis Presley baseHollywood, nawo wonke umculo wokuzibinya, khona impela phakathi kwakho konke lokho, okungaphezu kwemvelo kubhalwe odongeni.

118 Kwenzekani na? Ngalo kanye lelohora amaMede namaPheresiya ayesevele egawule abaqaphi esangweni, eza ngaphansi kwezindonga lapho umfula ugeleza khona, eza futhi wayesezitebhisini. Futhi bonke labo besifazane abamehlo abomvu tebhu, nabesilisa bedakwe kakhulu kwakul'khuni ukuba baphakamisane, futhi ihora kusukela ngaleyonkathi, labo besifazane wadlwengulwa esidlangalaleni, khona phandle esitaladini ngabesilisa, futhi babulala, baqhumisa amakhanda abo, futhi babulala abantwana babo, futhi nje isibhicongo.

119 Lalelani, bangane, khona manje, ngenkathi sise, sonke, sibeka isikhathi sethu ekuphakamiseni injabulo eqhulwini lempilo yethu, futhi sibeka sonke isikhathi sethu eHollywood, nalo lonke lolohlobo lombhedo, futhi sikungenisa ebandleni, futhi sihlubula abesifazane bethu, futhi sisusa uMoya ebandleni,

nazo zonke lezizinto, iRashiya ibilungisa isputniki, nesandla esilobayo sisodongeni, isizwe sonke siyathuthumela.

120 Ihora emva kwalokho, amasosha athutheleka lapho, futhi athatha umuzi wabo, athatha izindlu zabo, abulala inkosi yabo.

121 Bekuyokwenzekani na? Kungalo kanye lelihora, uma isputniki sime phezu kweStates futhi sithi zinikele, bekuyoba yini iPentagon yonke ethuthumela kakhulu kulobubusuku ngakho, bebeyokwenzani na? U. . . Uzwa izindaba, u— ubona amaphepha, abazi ukuthi bazothini ngalezizinto. IRashiya ithatha izithombe zethu kulobubusuku ngesputniki. Abazi ukuthi bazokwenzenjani. O, lithuthumela kakhulu, asinjalo na? Qaphelani, impela, nibeka isikhathi esiningi kuNkulunkulu, esikhundleni sesimilo esibi, izinto ezibolile esizenzayo, bekungeke kube ngalendlela. Kodwa niyabona ukuthi kwenzekeni.

122 Kulungile. Ngalesisikhathi kusasa ebusuku (Ngizweni!), akukho-nto, akukho neyodwa into, eyogcina umthwalo womkhumbi emva komthwalo womkhumbi, umthwalo wendiza emva komthwalo wendiza wamasosha aseRashiya khona phakathi lapha, edumela laba besifazane, futhi ebadlwengula esitaladini, futhi enza lokho afuna ukukwenza. Angene, uma eyithanda indlu yakho, akukhahlele uphume kuyo, futhi yilokho-ke. Uzokwenzenjani na? Angamesabi uNkulunkulu, amadoda angamaqaba angazi lutho ngoNkulunkulu, futhi awakhathalele lutho kangako.

123 Wena uthi, "UNkulunkulu uyakwenza lokho na?"

124 Impela uyakwenza, ngokweBhayibheli laKhe. Unesiswebhu esijezisayo lapho abantu baKhe bengayikulalela. Akukho-nto!

125 IPentagon yethu ibiyokwenzani ukuba iRashiya yenze into enjalo, futhi ithi, "Manje zinikeleni, noma nibe ngumlotha." Bebeyodingeka bazinikele, into enengqondo kuphela ukuba yenziwe bekuyoba ngukuzinikela. Baphezulu lapho, ngeke sabehlisa. Banezibhamu zabo phezu kwethu, cishe nje amathathu noma amane alawomabhomu, nalokho kuxazulula yonke into. O, selithuthumele kakhulu, mfowethu, dadewethu. Isizwe sise, isimo sokwethuka okukhulu kabi kulobubusuku baze abazi ukuthi bazokwenzenjani. Umbhali omkhulu wathi ngolunye usuku, "Kukhona umucu omncane owodwa phakathi kwabakhaliphe kunabo bonke bethu, nobuhlanya uqobo."

126 "Bakalwa esilinganisweni futhi bafunyanwa belula," isizwe samaKristu, umculo wokuzibinya, yonke lento yokungamesabi uNkulunkulu esinayo. Ukalwa kuphi na? "Phik- . . . Benesimo sokumesaba uNkulunkulu, kepha amandla akho bewaphika, abanjalo, bafulathele."

127 O, babekholwa, babiza ababhishobhi babo, nokhadinali, nabo bonke, babekholwa, "Siyakholwa," kodwa uhlobo olungalungile lwenkolo. *Inkolo* kusho ukuthi, "isembozo."

Ungahle umbozwe yibandla leBaptisti, iPresbyterian, iMethodisti, iPentecostal, ufanele umbozwe yiGazi, iGazi leNkosi uJesu, lelo yinani lasekuqaleni. "Lezizibonakaliso ziyakubalandela abakholwayo." UKristu ulapha.

128 Kwakuyinhlanhla yami cishe eminyakeni emibili edlule, ukuya eNdiya. Lalelisisani, bhekisisani isandla esilobayo. Sikuphi na?

129 "Kuzokwenzekani, Mfowethu Branham na? Awuzukusishiya silenga lapha na?"

Yebo, ngizonitshela. Kuzoba yinto embi kabi kini ngaphandle kweGazi.

"Ngakho-ke, kuzokwenzekani-ke, Mfowethu Branham na? Thina maKristu esiphile ngokumesaba uNkulunkulu nangobungcwele futhi sakholwa uNkulunkulu nakho konke na?"

130 Ake ngikutshele, mngane othandekayo, uyobe usuhambile ngaphambi kokuba kufike lesosikhathi. Uma lokho... Lalelani, iBhayibheli lifundisa ukuthi iBandla lizohlwithwa ngaphambi kokuhlupheka, niyakwazi lokho, wonke umuntu uyakwazi lokho. UJesu wathi, "Njengoba kwenzeka emihleni kaNowa, nasemihleni kaLoti, kuzoba njalo ekufikeni kweNdodana yomuntu."

131 Ngezinsuku zikaNowa, akwehlanga nelilodwa iconsi lamanzi ezulwini, uNowa waze wangena emkhunjini; ngezinsuku zikaLoti, akukho nokukodwa koMlilo owehla uvela eZulwini, uLoti waze waphuma eSodoma; futhi akukho nelilodwa ibhomu elingaqathaka lize iBandla laKhe elibusisiwe livuswe futhi liyiswe oHlwithweni ukuba libone iNkosi yaLo. Futhi uma imbubhiso isondele kanje, kusondele kangakanani ukufika kweNkosi na? Kufanele kwenzeke ngaphambi kwembubhiso nokubhujiswa, kuzofanele kwenzeke.

132 Niyasibona isandla esiloba odongeni na? Nakhu lapha esikhona, isandla esilobayo esibhakabhakeni, i-*Ikabodi* ebandleni, "uMoya weNkosi usukile." Simi kuphi na? Yini indaba na? Lesi yisikhathi esibi kabi.

133 Qaphelani, ngenkathi ngingena eNdiya, ngacosha iphepha, umbhishobhi omkhulu webandla leMethodisti nabaningi babo, bahlangana nathi lapho, ngacosha iphepha, futhi lalinento ethize ebhalwe lapho ngesiNgisi, futhi yathi, "Kufanele ukuthi u—ukuzamazama komhlaba sekuphelile." Ezinsukwini ezimbalwa ngaphambi kokufika kokuzamazama komhlaba, ukuzamazama komhlaba okukhulu... Naninakho lapha, nezwa ngakho, kwazamazamisa yonke iNdiya, cishe eminyakeni emibili edlule. I...

134 INdiya ayinazo izintango njengoba sinazo, banothango lwamadwala, nemikhulukazi, imibhoshongo ephakeme

ezungeze uthango lapho behlala khona. Futhi zonke izinkomo zima zizungeze o—ohlangothini lwasentshonalanga, ukuze i—ilanga lingazitholi emini; izinyoni ezincane zakha izidleke zazo zonke kulezi zingoxe ezincane. Kodwa usuku ngaphambi kokuba ukuzamazama komhlaba kwenzeke, zonke izinyoni ezincane zasuka zahamba zangena emahlathini. Zonke izinkomo, nezimvu, nemfuyo ezungeze izindonga ezinkulu yasukuma futhi yaqhela ezindongeni futhi yama phandle phakathi nensimu ndawonye. Ukuzamazama komhlaba kwashaya, futhi kwazamazamisa izindonga zawa phansi.

135 UNkulunkulu owatshela izinyoni nezinyosi ukuba zingene emkhunjini, usaphila nanamhlanje. Futhi uma uNkulunkulu ngoMoya waKhe, engenza inyoni encane, nemvu, nenkomazi isuke embujisweni, Uzolenza kakhulu kangakanani iBandla laKhe, lapho sibona imbubhiso iza na? Mfowethu, dadewethu, suka kulezizindonga zaseBabiloni lesimodeni. Zizowa ngolunye lwalezizinsuku, futhi niyoba yisisulu sazo. "Phumani kulo, bantu baMi, futhi nizahlukanise," isho iNkosi, "futhi Ngizonamukela. Futhi niyoba ngamadodana namadodakazi kiMi; futhi Ngiyoba nguNkulunkulu kini."

136 Sisesikhathini sokuphela, umbhalo usodongeni; i-*Ikabodi* ebandleni: UMoya weNkosi usukile. IBandla liyalungiselelwa, phumani, nihambe ngokwehlukana, niphume, nigijimele maphakathi nensindiso kaNkulunkulu, nibambelele kuKristu kuze kwedlule ihora lolaka lwaKhe. Izibonakaliso nezimanga zokufika kwaKhe okuseduze, zokusondela okusondelayo, manje sekuseduze. UMoya waKhe ukhona lapha, manje. Ngizwa . . .

137 Ngethemba ukuthi aningehluleli ngiwuhlanya, uma nginjalo, angazi lutho ngakho. Ngikholwa ukuthi ngiyinceku yeNkosi uNkulunkulu. Futhi emva kwalezizinto ezinkulu ezishaqisayo engizishilo mayelana nesikhathi sokuphela . . . Khumbulani, uJesu wethembisa ukubonakala lapha ekupheleni konyaka wabeZizwe, futhi enze into efanayo njengoba Ayenza ngenkathi Ezimele Yena uqobo kumaJuda. Wakwenza kanjani na? Ngokuhlukanisa imicabango yabo nokusho ukuthi babekuphi nakho konke ngezinto ezinjalo. Ku . . . Bekunjalo na? Bangaki owaziyo ukuthi lokho kuqinisile na? Leso kwakuyisibonakaliso sokugcina ngaphambi kwembubhiso.

138 Nakhu futhi kulobubusuku, uMoya oNgcwele ofanayo, uJesu ofanayo esimweni sikaMoya oNgcwele, nesithombe saKhe sithathiwe, iNsika yoMlilo, yonke into yesayense njengoba yayinjalo ngalezozinsuku eBabiloni, nakhu, kubuya ngqo futhi, kulobubusuku, sisesikhathini sokuphela. Wazi konke ngawe. Niyakukholwa lokho na?

139 Manje, ngaphambi kokuba ngikucele ukuba unikele impilo yakho kuKristu, akukho-makhadi omkhuleko akhishiwe, uBilly akawakhiphanga ubusuku obubili, sizoya kukho

kusasa ebusuku, kodwa ngiyezwa ukuthi uNkulunkulu ufuna ukunikhombisa ukuthi Ukhona, ukuze nizovuswa. Sukani ezindongeni zalenkolo yesimodeni, bafo, phumani futhi nibambe uKristu.

140 Angisho ukuthi, "Manje, ungabi yiBaptisti. Ungabi yiMethodisti." Yiba ngumKristu, angikhathali ukuthi uya kuliphi ibandla, bambelela nje kuKristu ngqo, futhi uMthande ngayo yonke inhliziyo yakho, aze Aphendule uMoya oNgcwele enhliziyweni yakho, khona-ke ubekwa uphawu kuze kube luSuku lokuhlengwa kwakho.

141 O Nkosi Nkulunkulu, Mdali wamaZulu nomhlaba, baningi lapha kulobubusuku, Nkosi, abangabantu abahlonipha ngokuzithoba ngempela, abaKuthandayo futhi abaKukholwayo, olindele ukufika kweNkosi, kungahle kubekhona abanye lapha abanganaki, abanye lapha ukuzwa okokuqala. O Nkulunkulu oPhakade nobusisiweyo, Uzosenzela khona kulobubusuku ngokwedlulele, ngokuchichimayo, yenza into ethize njengoba Wenza emva kokuba Wavuka kwabafileyo, kwenze manje njengoba Wenza ngaphambi kokuba Ubethelwe. LoMoya mawube phezu kwethu, Nkosi. Yenza kulobubusuku njengoba Wenza kowesifazane owathinta umphetho wengubo yaKho futhi waphuma futhi wahlala phansi ezethamelini, futhi Waphenduka, wathi, "Ubani oNgithintile na?" Bonke bakuphika, kodwa Wabheka, futhi Wamthola owayenalesosifo, futhi wamtshela ukuthi ukukholwa kwakhe kwakumphulukisile.

142 UNkulunkulu ofanayo owatshela owesifazane emthonjeni, wayenamadoda amahlanu. . . Wathi, "Ngiyabona ukuthi UngumProfethi. Siyazi lapho uMesiya efika, Uyokwenza lokho." Nkosi, Awuzange ukwenze lokho phambi kwabeZizwe ngosuku lwaKho. AbeZizwe babeneminyaka eyizinkulungwane ezimbili yaleliBabiloni lesimodeni, kodwa isandla esilobayo sisodongeni, Nkosi. Isayense ingakubona, wonke umuntu angakubona, amaphephandaba, amathelevishini, imisakazo, yonke into iyakuqhumisa, futhi akukho esingakwenza, kulapho.

143 Sibe nomcimbi omkhulu womculo wokuzibinya kaBelteshasari, futhi Ubuke phansi futhi wabona izono zethu, Nkosi, futhi manje ukwahlulela sekuseduze. O Nkosi, izoni mazibalekele emseni kaNkulunkulu. Siphe khona, Nkosi. Kwangathi lomlayezo omncane, angikwazi ukwenza lutho ngawo Nkosi, anginawo amandla, kodwa vumela uMoya oNgcwele waKho uzikise lokho ezinhliziyweni zabantu ukuze babone ukuthi ngempela kuchaza ukuthini. Siphe khona, Baba.

144 Manje, ukubazisa ukuthi Awufanga, ukuthi Usaphila, uNkulunkulu owenza lesisiprofetho usaphila kulobubusuku futhi uqinisa iZwi laKhe ngezibonakaliso ezifanayo Aziqinisa ngaleyonkathi, makube njalo, Nkosi, okungenani ababili noma

abathathu esakhiweni. Ngokuba siyakucela, eGameni likaJesu. Amen.

145 Ngiyacela, imizuzu emihlanu manje. Yini lezizinto engizishoyo na? Ngikuthatha eZwini likaNkulunkulu. Ngiyazi kungahle kungavumelani nesivumokholo, angibophezelekile ngesivumokholo, ngibophezeleke ngeZwi likaNkulunkulu, kuNkulunkulu.

146 "Ngabe Uyaphila, Mfowethu Branham na? Ngabe sinaso isiqiniseko sokuthi Uzo. . . ukuthi sizo—sizosindiswa na?"

147 Yebo, mnumzane. Uyaphila. Zonke ezinye izinkolo ngaphandle kwenkolo yobuKristu zingamanga: uBuda, okaMohamede. Ngiye ngama neBhayibheli ngesinye isandla, neKoran ngesinye, futhi ngadelela amashumi ezinkulungwane zabakaMohamede, ngithi, "Wozani lapha, futhi ake ngimbone enza isithembiso esisodwa sifezeka. Angeke akwenze ngoba akasuye uNkulunkulu, ufile futhi usethuneni, kodwa uKristu wethu wavuka futhi, Uphila kuze kube phakade. IBhayibheli lathi Unguye izolo, namuhla, naphakade."

148 Akunandaba ukuthi bacabangani ngoMohamede eza ngehhashi lakhe elimhlophe. . . Kade ngisethuneni lakhe futhi ngabona ihhashi elimhlophe, futhi lapho uBuda ayekhona owafa cishe eminyakeni engamakhulu angamashumi amabili nantathu eyedlula, nazo zonke i—lezozinto. Lokho nje yisayensi ephathelene nokudabuka kwezinto, njengoConfucius nabaningi bezinye izazi ezinkulu zokudabuka kwezinto, kodwa kwakukhona uMuntu oyedwa kuphela owake waphila emhlabeni, wathi, "Nginamandla okubeka ukuphila kwaMi phansi ngiphinde ngikuvuse futhi. Bhekani, kuseyisikhashana nezwe lingabe lisaNgibona, nokho niyakuNgibona nina; ngokuba Ngizoba nani, ngibe kini kuze kube sekupheleni kwezwe. Imisebenzi eNgiyenzayo nani niyakuyenza," ethembisa lezizinto.

149 Futhi silapha ekugcineni. Uyakholwa ukuthi sisekupheleni konyaka na? Isandla esilobayo sisodongeni na? Khona-ke sekuyisikhathi sokuba uKristu aZembule eBandleni laKhe. Yilokho Akwenzayo, njengoba nje E. . . Uma Enza noma yini enye into, ngaphandle kokuthi Wakwenza esikhathini sokuqala, Ubeyobe enza okungalungile.

150 Wamtshelani uPetru na? "Igama lakho unguSimoni, uyindodana kaJonase." WaMkholwa.

151 Watshela uNathanayeli, "Uyindoda enobulungiswa neqotho."

"Ungaze kanjani na?" washo.

Wathi, "Ungakabizwa nguFiliphu, ungaphansi komuthi, Ngakubona."

Wathi, "Wena uyiNdodana kaNkulunkulu; UyiNkosi ka-Israyeli."

152 Athini lawo afundile, amaBabiloni esimodeni angalezozinsuku, izwe lobufundisi na? "UnguBelzabule, umbhuli." Bakuphi kulobubusuku na? Wena yiba ngumahluleli ngomBhalo. Nokho, ekholwa, engcwele, engcwelisiwe.

153 Yini *isono* na? Ukungakholwa. Isono esisodwa kuphela: ukungakholwa. Akunandaba ukuthi uphila ngokuhlanzeka kanjani. . .Manje, amanye amaLawu e-Afrika abeyokwenza nina maMelika nizizwe ninamahloni ngani ngokuziphatha kwawo.

154 Lalelani, esizweni samaShangane saseNingizimu Afrika uma intombazane esencane yehluleka ukugana lapho i, asazi ukuthi isindala kangakanani, kodwa lapho isingowesifazane, futhi ayikashadi, ifanele isuse upende wayo wesizwe futhi yehlele edolobheni ezinkopholo, ayisekho lapho, kukhona okungalungile ngayo. Futhi ngaphambi kokuba ishade, ihlolelwa ubuntombi bayo. Uma itholakala inecala, ifanele isho indoda ekwenzile, futhi bobabili babulawa kanyekanye. Ukuba-ke sakwenza lokho eMelika na? Ubani obeyobe ephila na? Nakho lapho okhona. Abahedeni ekuziphatheni kwabo bahlanzekile kunathi, sifanele ukuba ngamaKristu, abamesabayo uNkulunkulu ngokwedlulele. Asikholwe.

155 Uma iNkosi uNkulunkulu izokwenza noma yenze phambi kwamehlo enu, lapha kulobubusuku, izinto Azenza ngenkathi Elapha emhlabeni, njengoba Enza kowesifazane, wabuka phandle esixukwini, futhi omunye aphulukiswe, ubuyoMkholwa na?

156 Manje, uma ngithe, "Lomfana ohlezi lapha, usephulukisiwe," angimazi, angazi namunye wabo, awu, uma ngi—ngithe, "lomfana uphulukisiwe," ubeyoba nelungelo lokukungabaza lokho; kodwa uma uMoya oNgcwele uzobuyela emuva futhi umtshele ukuthi ikuphi inkathazo yakhe, njengoba Enza kowesifazane emthonjeni, khona-ke lowo nguMoya oNgcwele. Kwangathi Angasipha khona. Khona-ke ngizonimemela e-altare.

157 Bangaki abantu abagulayo osesakhiweni na? Phakamisani izandla zenu ukuba nisho ngalokho, "Nkulunkulu, yiba nomusa futhi ungiphulukise kulobubusuku." Phakamisani izandla zenu, ndawo zonke esakhiweni. Kulungile, ningehlisa izandla zenu. Ngizama nje ukuthola umqondo wokuthi bekukuphi.

158 Asingene khona lapha futhi sibone uma iNkosi uNkulunkulu. . .Kwangathi Ingasipha khona, bangane. Khumbulani, ngingumfowenu, kuthatha ukukholwa kwenu, ngikuchazile ubusuku nobusuku, akukudingi manje. Ngifuna nazi ukuthi isandla esilobayo sisodongeni, niyakubona lokho ngeso lenu. UKristu wethembisa ukwenza lezizinto lapho E. . .

ngaphambi nje kokubuya kwaKhe, kunjalo, kufanekiswe kulo lonke iBhayibheli, nakhu khona lapha. Ngabe Uzokwenza na? Uligcina njalo iZwi laKhe, Angeke ehluleke.

Asihloniphe ngokuzithoba nje.

159 Silindele Wena, Nkosi, Uyazi ukuthi sinjalo, asinasizo ngaphandle kwaKho. SiyaKudinga, O Nkulunkulu. Woza, Nkosi Jesu. Emva kokushumayela, ukwexwayisa kanzima abantu, ngifuna Wena usekele iZwi laKho, Nkosi, ukubazisa ukuthi ngikhulume iqiniso, ukuze babone ukuthi okungaphezu kwemvelo kulapha, uKristu uyaphila. Siphe khona, Baba.

160 Nakhu. Kukhona umnumzane ohloniphekile ohlezi lapho ekugcineni kwesihlalo, ekhuleka, egqoke isudu ebukeka insundu, efake izibuko, esempunga ezinweleni zakhe. Ubukhuleka umkhuleko, "Makube yimi." Angikwazi, ngiyakwazi na? Ngiyisihambi kuwe. Uma lokho kunjalo, phakamisa isandla sakho nje. Indoda emva kwakho yasukuma; NgukuKhanya phezu kwayo engikubhekile. Asikaze sihlangane ezimpilweni zethu. Kukhona okuthize . . . Uyazi ukuthi kukhona okwenzekayo phandle lapho manje. Uma lokho kunjalo, vayizelisa isandla sakho *kanje*. Manje leyoNgelosi, lokho kuKhanya, kulenga ngqo phezu kwendoda.

161 Uma uNkulunkulu ezongitshela ukuthi ikuphi inkathazo yakho, njengoba nje Enza ngoKristu, watshela owesifazane ukuthi inkathazo yakhe yayikuphi, uzokwemukela na? Uyakholwa na? Kuyinto ethize ngegazi. Qhabo, akusikho, kungumthambo wegazi, inkathazo ngomthambo wegazi. Uma lokho kunjalo, vayizelisa isandla sakho *kanje*. Uyindoda ekahle. Uyakholwa ukuthi usuphulukisiwe manje na? Uyakholwa na? Uma ukukholwa, vayizelisa isandla sakho *kanje*.

162 Nginitshela okuthize. Uyangikholwa ukuthi ngingumprofethi waKhe manje, inceku yaKhe, inceku kaKristu na?

163 Nonke niyakukholwa lokho na? Wathi, "Uma uthola abantu ukuba bakukholwe." UPetru wathi, "Sibheke."

164 Lowo ngumfowenu ohlezi eceleni kwakho. Kunjalo. Nomfowenu uneqhubu, futhi uyisithulu endlebeni yakhe; ube*njalo*. Owesifazane owasiza ukubeka isandla: unkosikazi. Lowo ngumkakhe, ngokuyikho. Yebo.

165 Wena u—wena u, uphethwe yisimo sesifuba somoya, ukukhwehlela emphinjeni wakho. Futhi nobabili nivela ngaphandle kwedolobha, nivela eCanada, futhi lobu ubusuku bokugcina ebeningaba nabo, nihlela ukuya ekhaya emva kwenkonzo yanamhlanje ebusuku. Uma lokho kunjalo, vayizelisa isandla sakho. Uyayikholwa iNkosi uNkulunkulu na?

166 Nenekazi, unqekuzise ikhanda lakho lapho entweni ethize, uhlezi eceleni kwalo. Uyangikholwa ukuthi ngiyinceku yaKhe

na? Uyakholwa na? Kulungile. Unesifo samathambo nenkathazo yesisu. Phakamisa isandla sakho. Uyakukholwa na? Kuyobe sekwedlule khona-ke.

Yiba nokukholwa kuNkulunkulu.

167 Lelonenekazi elincane lihlezi lapho lithi ukuthi, "NgiyaKubonga, Nkosi," kanjalo, kukhona okulishayile. Libe nesimo sendlebe esingelapheki. Uma lokho kunjalo, nenekazi, sukuma ume ngezinyawo zakho. Ubunayo eyodwa, awusenayo manje. UNkulunkulu ukubusisile futhi inkathazo yakho yendlebe ilashiwe.

168 Lenzeni na? Alizange lingithinte lithinte umPristi oMkhulu, uJesu Kristu, Ulapha. Isandla esilobayo sisodongeni ngesoni; uKristu ulapha ngenxa yekholwa. UyaMkholwa na?

169 Asikhothamise amakhanda ethu umzuzwana nje. Bangaki ofuna ukuMemukela manje, njengoMsindisi wakho neSithandwa sakho na? Phakamiselani izandla zenu kuYe. Uzokwenza na? Uthi, "Mina, Nkosi. Mina, Nkosi." Bukani sonke isakhiwo, phezulu kovulandi abasesitezi. "Mina, Nkosi. Ngiyazi ukuthi Ulapha. Ngiyawabona futhi ngiyawazi amasputniki ezibhakabhakeni, isandla esilobayo sisodongeni. Lesisizwe asisekho, sonke sesihambile, akusekho lutho olusele, akukhothemba nhlobo ngaphandle kukaKristu. Ngifuna Wena Kristu. Ngiyilunga lebandla, kodwa anginawo uMoya kaNkulunkulu enhliziyweni yami, yiba nomusa kimi, Nkulunkulu." Phakamisa isandla sakho, usiphakamise. Uma unamahloni manje, ungahle, kungahle ukuba sekwedlule isikhathi kakhulu ekuseni ukuba ube namahloni. Phakamisa isandla sakho, Mtshele ngokusuka enhliziyweni yakho, "NgiyaKuthanda, Kristu." UNkulunkulu akubusise.

170 Kuthiwani ngovulande abasesitezi ngapha ngakwesokunxele sami na? Phakamisa isandla sakho. UNkulunkulu akubusise, nsizwa. UNkulunkulu akubusise, ntombi. Emuva phakathi lapha, omunye ngalapha na? Ini, uma unamahloni manje, kuzobanjani nxa Efika na? Ini. . . ? Ekuseni ungahle ungaphili ukuba ubone, noma wenze esinye isinqumo, lokhu kungahle kube ngokwakho kokugcina.

171 Kuthiwani ngalapha na? Ilunga lebandla, uyazi ukuthi awulungisene noNkulunkulu, noma isoni, ubungasiphakamisa isandla sakho, uthi, "Yiba nomusa kimi, Nkulunkulu"? Phakamisela isandla sakho kuYe. Uzokuzwa. Uzo. . . UNkulunkulu akubusise, mfana omncane. IBhayibheli lathi, "Umntwana uyakubahola."

172 Kunabantu abahlezi lapha osegugile osanda kudonsa inhliziyo yakho emaphephabhukwini amadala e*True Story*, nezinhlelo zethelevishini ezingahlungiwe, uze ube nodaka kakhulu, futhi ubemnyama ngombala futhi ube mnyama, kuze kuthi inhliziyo yakho ingabe isathintwa, usudlulile

endaweni ephakathi komusa nokwahlulela, nalowomfana onenhliziyo ethambile—enenhliziyo uphakamise isandla sakhe kanjalo. Ngiyanidabukela! IZwi likaNkulunkulu, ukwahlulela kukaNkulunkulu, uMoya kaNkulunkulu, yini enye Angayenza na?

Asime.

173 Ngizizwa ngixakile. Mfowethu, dadewethu, ngenza konke okusemandleni ami, ngosizo lukaNkulunkulu, ukubeka isisekelo, enifanele nikwenze lapha, uma—uma kuke kwabakhona imvuselelo ezogadla, noma yini ngaphansi... Uma ngike ngabona ichashaza elilodwa lomusa elisele, yinina bantu baseNew England, kunjalo, futhi ngiyakholwa...uma ungikholwa ukuthi ngiyinceku yaKhe.

174 Futhi ngaphandle uma lelibandla lakhelwe phezu kweDwala likaJesu Kristu, ngamandla aKhe, uMoya oNgcwele waKhe, iGazi laKhe elingcwelisayo ukukuhlanza kukho konke ukungalungi, nilwa nomoya. Nonke nina bangane, kuthatha thina sonke ndawonye ukuletha lemvuselelo. Asikhuleke futhi sicele uNkulunkulu ukuba asithumelele eyangempela, imvuselelo eyifeshini endala, athulule uMoya waKhe eNew England, futhi okhele ngomlilo izinhliziyo zalababefundisi ezweni lonke, futhi asindise labo abangasindiswa. Nizokhuleka kanye nami na? Asiphakamise izandla zethu, ngisasho umkhuleko.

175 Ngamunye wenu, indlela enikhuleka ngayo ebandleni lenu, amaBaptisti, khulekani, Katolika, khulekani, Presbyterian, khulekani, Phentekoste, khulekani.

176 Mfowethu Clagg, sihole.

177 Nkulunkulu, thola inkazimulo, eGameni likaJesu.

